# ISITATIMENDE SABEZINDABA

## UKUBA SISHICILELWE MANJE

## USARS UCACISA NGEZINSOLO ZAMALAYISENSI ESINIKAMANDLA SEZINDIZA

**Tshwane, 29 kuMandulo 2025 -** UPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (uSARS) uyayiqaphela indaba eshicilelwe kuNews24 esihloko sithi "East London airport down to one day's jet fuel amid SARS licencing crisis" / “Isikhumulo sezindiza esise-East London sesithola isinikamandla sezindiza kanye ngosuku njengoba kunezingqinamba ekutholweni kwelayisensi kwaSARS”. Lo mbhalo, uma ubhekwa kahle, ufuna ukusola uSARS ngokubambezeleka kokuthola amalayisense ezindaweni zokugcina uphethiloli wendiza eDurban nase-East London.

Akukho nkinga yamalayisensi ekhona kwaSARS. Mhla ziyi-14 kuMfumfu 2024, uKhomishana wakwaSARS u-Edward Kieswetter, ngemizamo yokugwema ukuntuleka kwesinikamandla kuzo zonke izikhumulo zezindiza, unikeze imvume ekhethekile yokungeniswa kwesinikamandla i-kerosene kusukela mhla zingama-21 kuMfumfu 2024 kuze kube mhla zingama-20 kuMfumfu 2025. Imvume ekhethekile yanikezwa ukuze kulungiswe ushintsho embonini yesinikamandla, lapho izwe selingenisa i-kerosene kanye nesinikamandla sezindiza, njengoba ukukhiqiza kwakuleli kwehle kakhulu.

Emuva kwalokhu okwenziwa nosekungunyaka owodwa kwenzekile, zintathu kuphela izikhungo ezifake isicelo selayisensi yokugcina isinikamandla. Maphakathi nalo nyaka, lesi sikhathi saphinde salulwa ukuze kuqinisekiswe ukuthi ukuhlinzeka okwanele akuphazamiseki. Nalapho, bathathu kuphela abanikazi bamalayisensi abavuselela amalayisensi abo.

Yize uSARS enza konke okusemandleni ukuqinisekisa ukuthi kukhona i-kerosene nesinikamandla sezindiza esanele, uphinde uqaphe isimo sokubhekana nokungathobeli embonini, njengoba enikwe amandla uMthetho Wokulawulwa Kwempahla Emngceleni Nentela Yempahla. Ekuqaleni kukaLwezi 2025, uSARS unqande ukungeniswa ezweni kuye ezindaweni zokugcina isinikamandla ezingenawo amalayisensi. Laba abangenisa ezweni balekelelwa ngokutholela izindawo zabo amalayisensi. Mhla ziyi-19 kuLwezi 2025, ongenisa ezweni omkhulu uthumele isicelo selayisensi yamathangi awasebenzisela ukugcina i-kerosene nesinikamandla sezindiza. Ukutholakala kwelayisensi kwasheshiswa yase ikhishwa mhla zingama-27 kuLwezi 2025

Kumanje, indawo ese-East London isifake isicelo sokungenisa i-kerosene nesinikamandla sezindiza kodwa ayikasuswa ekubhalisweni ilayisensi yayo endala yendawo efanayo, ngokuhambisana nomthetho. USARS kumanje ulekelela isikhungo sisheshise inqubo, ngokuhambisana nokuzinikela kwethu ekuqinisekiseni ukhlinzekela okwanele. Mayelana ne-Burgan Terminal eseCape Town, udaba

lwesinikamandla sezindiza esasivalelwe seluxazululiwe, kanti isinikamandla sezindiza sakhululwa ngoLwesibili, mhla zingama-25 kuLwezi 2025. Ongenisa impahla manje usefaka isicelo selayisensi yendawo.

USARS uyalelwe ngumthetho ukuthi uqede ukungathobeli imithethonqubo elawula ukugcinwa nokuphathwa kwesinikamandla, kanye nokuqinisekisa ukulandelwa okuqinile kwezidingo zamalayisense ngaphandle kokuphazamisa ukutholakala ngokwanele kokuhlinzekwa kwezinikamandla zezindiza kanye nokukhanyisa. Nakuba isitatimende esibhekiswe enhlanganweni yezimboni sisekela umyalelo weSARS, amazwi abo asikisela ukuthi ukuthobela imithetho kufanele kube yingxenye yokuhlinzekwa okwanele kwesinikamandla.

USARS uyayiqaphela indima ebalulekile yemboni yesinikamandla ekuhlinzekeni i-kerosene yezindiza nokukhanyisa kuzo zonke izikhumulo zezindiza ezinkulu, futhi, kulokhu, uSARS uyakwazisa ukubaluleka kokutholakala kwesinikamandla phakathi nalesi sikhathi sokuhamba esimatasa. Kodwa-ke, ukuthobela imithetho-nqubo yokulawulwa kwempahla emngceleni nezintela kuleyo misebezi kusemqoka ekuqinisekiseni ukusebenza okusemthethweni. USARS usebenza ngenqubo yokungakubekezeleli nhlobo ukungathobeli, ngoba ukungathobeli kungalimaza umyalelo wawo omkhulu, kubandakanya nomsebenzi wokulingana kukho konke. Okubaluleke kakhulu, ukungathobeli kuphinde kube yingozi ochungechungeni lokuhlinzekwa kwesinikamandla kanti kungaba umthelela omubi ekuphepheni komphakathi nezomnotho.

USARS uthanda ukukhumbuza futhi imboni yezinikamandla ebandakanyekayo ekuphathweni, ekugcinweni, ekungenisweni nasekusatshalalisweni kwesinikamandla sezindiza ukuthi iqaphele futhi iqinisekise ukuthi iyahambisana nalokhu okulandelayo:

1. **Ukuvinjelwa kokuhamba kwezimpahla zenteliso**: isinikamandla sendiza esingenisiwe kumele sigcinwe kuphela ezindaweni zokugcina ezikhethekile ezinelayisensi (i-SOS), ngokuhambisana neziqondiso zomthetho zokuhamba.

2. **Ukubhaliswa kanye nokuthobela imithetho**: Zonke izinhlangano ezibandakanyeka ekuphatheni nasekusabalaliseni isinikamandla sendiza kumele ziqinisekise ukuthi zibhaliswe ngokufanele kwaSARS, okubalulekile ekugcineni ukuthobela imithetho kanye nokugcinwa kwamarekhodi okunembile.

3. **Ukuhlukaniswa kokuphendula**: Amakhasimende kumele abike ngokwehlukana nge-kerosene nesinikamandla sendiza esingenisiwe nesikhiqizwe endaweni ukuze kube lula ukuthobela imithetho.

4. **Amapayipi okuxubela/okuhlanganisela**: Kudingeka amadokhumenti enembile yanoma yikuphi ukuhlanganiswa emapayipini, kanye namakhasimende anesibopho sokulungisa okudingekayo ekudalulweni.

UKhomishana wakwaSARS uMnu. Edward Kieswetter uthe: "USARS usalokhu uzibophezele ekuxhumaneni okusobala kanye nokuphathwa okusheshayo kwezindaba zokuthobela imithetho ngenkathi uqinisekisa ubuqotho bezinqubo zethu.

Ngikhuthaza bonke ababambiqhaza embonini yesinikamandla ukuthi basebenzisane eduze noSARS ukuze kugwenywe noma yiziphi izinselelo ezingadingekile futhi kuqinisekiswe ukuthi noma yikuphi ukuhanjiswa kwesinikamandla kuyaxazululwa ngokuhambisana nayo yonke imithetho-nqubo efanele, okuhlanganisa noMthetho Wokulawulwa Kwempahla Emngceleni Nezintela 91 we-1964".

Ngolwazi olwengeziwe, xhumana ne SarsMedia@sars.gov.za.